



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-30.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqokethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Inoveli/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C:	Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.

INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO)

- Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli kanye neyomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

- Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Imibuzo emide enovelini kanye nasemdlalweni mayiphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphenidule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO			
Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.			
INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. 'Uthando'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Ngizw' uthando'	Umbuzo omfushane	10	7
3. 'Thumela uzamcolo Nkosil!'	Umbuzo omfushane	10	9
4. 'UNoxolo/UNoluxolo'	Umbuzo omfushane	10	11
KANYE			
Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.			
5. 'Uthando lukaBaba'	Umbuzo omfushane	10	12
QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye NOWODWA ESIQESHINI C.			
ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO			
INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.			
6. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omude	25	13
7. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omfushane	25	13
8. <i>Usumenyezwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omude	25	15
9. <i>Usumenyezwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omfushane	25	15
10. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omude	25	17
11. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omfushane	25	17
12. <i>Impi Yabomdabu Isethunjini</i>	Umbuzo omude	25	19
13. <i>Impi Yabomdabu Isethunjini</i>	Umbuzo omfushane	25	19
NOMA			
UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.			
14. <i>Uju Lwezizukulwane</i>	Umbuzo omude	25	21
15. <i>Uju Lwezizukulwane</i>	Umbuzo omfushane	25	22
ISIQEPHU C: UMDLALO			
Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.			
16. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omude	25	25
17. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omfushane	25	25
18. <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omude	25	27
19. <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omfushane	25	27
20. <i>Ubhuku Lwamanqe</i>	Umbuzo omude	25	29
21. <i>Ubhuku Lwamanqe</i>	Umbuzo omfushane	25	29

QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: IZINKONDLO (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: INKONDLO (Engamiselwe)	5	1	
B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–13	1	
B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–15	1	
C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	16–21	1	
<p>QAPHELA: ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.</p> <p>ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.</p>			

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**IZINKONDLO EZIMISELWE**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

UTHANDO – KNN Gcumisa

- 1 Abasha badume nezothando,
- 2 Okwalolu thando kuyadumaza,
- 3 Ngalolu thando sebeyaziqhenya,
- 4 Abasaluhloniphi nokuluhlonipha
- 5 Sekungumdlalo wamagendo.
- 6 Laph' abantu abasha, bethi banothando,
- 7 Ibhungu linothando lwetshitshi,
- 8 Bahlulwa yini ukuzihlonipha?
- 9 Kungani bekhohlisana?
- 10 Bayaziqhayisa ngalo
- 11 Omunye ethi ungowomunye?
- 12 Izimbali zanamuhla zilahlekelwa
- 13 Ubumbali bazo ngokuphang' umdaka.
- 14 Ongaphangi mdaka ubukelwa phansi,
- 15 Akhishwe inyumbazane anyundelwe,
- 16 Ngokuqinisel' umvuzo uyakuwuzuza,
- 17 Ekugcineni ebuhlanzweni bayo iyabuyela.
- 18 Nalapho umzali eqhamuka,
- 19 Abantu abasha abasamazisi,
- 20 Kugcwalwa imigwaqo kungaziwa nanyaka,
- 21 Kumelwe emakhoneni, nasezigxotsheni,
- 22 Wena mzali awusenasithunzi.
- 23 Wo, yeka kusadliwa ngoludala!
- 24 Kusadliwa ngoludala
- 25 Lwaluhlonishw' uthando.
- 26 Uthando kwakungolweqiniso,
- 27 Uthando lwalungaqhayiswa,
- 28 Abantu abadala babehlonishwa.
- 29 Kungabe lolu thando
- 30 Intsha edume ngalo
- 31 Olweqiniso na?

Ngokubhekisisa ukukhethwa kwamagama anjengemifanekisomqondo/ izithombemagama kule nkondlo, xoxa ngomoya ovezwa yimbongi mayelana nendlela intsha eziphatha ngayo.

Impendulo yakho mayibe yi-esityi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]

UMBUZO 2: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIZW' UTHANDO – JM Sikakane

- 1 Ngizw' uthand' olujulileyo,
- 2 Lungisa kwezidephil' iziziba,
- 3 Lungisibikela ngenkung' ethe khuhle,
- 4 Ngimfom' izithukuthuk' ezipholileyo.
- 5 Ngizw' uthand' olunzonzobele,
- 6 Lungidoba lungiqhwebaqhweba,
- 7 Ngizibe nje ngingazibe lutho,
- 8 Ngithule nje ngingathule cwaka.
- 9 Ngizw' uthand' oluntofontofo,
- 10 Lungintofoza lunginwayanwaya,
- 11 Ngizwe ngiswakama wonk' umzimba,
- 12 Ngijuluk' ungiyojuluka.
- 13 Ngizw' uthando lungiphenduphendula,
- 14 Ngibe ngiyathe ngiyalala ngingalali,
- 15 Ngibe ngiyathe ngiyazumeka ngingazumeki,
- 16 Ngiqwash' ungiyoqwasha.
- 17 Ngizw' uthando solokhu lungibelesele,
- 18 Lungiphendul' isiduphunga sansondo,
- 19 Lungiphaphathekisa lungiphuphuthekisa,
- 20 Ngizul' izinkalo nezinkangala.
- 21 Ngizw' uthando lungithi dinsi fumbe,
- 22 Ngomthwal' engingenakuwuthwala;
- 23 Ngisho ngisebenza ungisind' ungisithibeze,
- 24 Imicabango yami izul' unozulane.
- 25 Ngizw' uthand' olungumzwangedwa,
- 26 Lunginakile ludlala ngami,
- 27 Lungiphehl' enhliziyweni,
- 28 Ngingawuthi mbibi ngisho nowami nje.
- 29 Ngizw' uthand' olusanganisayo
- 30 Lungiphonsa la lungiphonse le,
- 31 Lungihlome phezulu lungihlome phansi,
- 32 Lungimise ngekhandanda ngizululeke.
- 33 Yebo, yebo, ngiyazisa luthando?
- 34 Ngiyayivum' eyakh' induku,
- 35 Ngiyazinikela Kuwe, ngiyathela,
- 36 Phinde ngithi ngiyaKubalekela;
- 37 Ngingeze neze neze ngenz' enjalo.
- 38 Maye! Maye! Kant' unje luthando?
- 39 Usungigolele kowakh' umgod' ojulileyo,
- 40 Umgod' oyisimuk' esifuthelene!
- 41 Akusenani, usungahlule singalwanga!

- 2.1 Bhala isifengqo esiyindida esitholakala ebinzeni loku-1. (1)
- 2.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umqondo oqukethwe yibinza lesi-2. (3)
- 2.3 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa ifanangwaqa emgqeni we-14? (2)
- 2.4 Chaza ukusetshenziswa kwemvumelwano emgqeni we-18 kuya kowe-19. (2)
- 2.5 Phawula ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni isizura/isikhawu emgqeni wama-35. (2)

[10]

UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

THUMELA UZAMCOLO NKOSI! – BT Msimang

- 1 Wena wedwa ojuba amazulu
- 2 Ukuba asifafaze ngemikhemezelo;
- 3 Wena wedwa oyalela ilanga
- 4 Ukuba lisibusise ngenkazimulo;
- 5 Nguwena wedwa - nguwena wedwa!

- 6 Inile yakhemezela,
- 7 Kulo mhlabathi olugagadu! ogwadule,
- 8 Phinde ukuzwela kule nkundla
- 9 Yesishingishane, lapho kuke kusuke
- 10 Ifu lezintuli zikhuhle khuhle;
- 11 Baxhoshwe zinsunsu bacikic' amehlo,

- 12 Kubemnyama bhuge.
- 13 Wena wedwa
- 14 Odala ubugqikolo bedwala;
- 15 Wena wedwa
- 16 Olola ukucija kwameva;
- 17 Nguwena wedwa - nguwena wedwa!

- 18 Lidumile langqangqazela,
- 19 Leza nezihlambi layidliva,
- 20 Kubemanzi wena tshe wena dwala,
- 21 Zamuncamunca izimpande ngethemba
- 22 Lokusimama. Yaphuma inhlamvu
- 23 Yakhotha konke, idwala eliyimi lasala
- 24 Lome geqe.

- 25 Nguwena wedwa
- 26 Ongaqhekeza ubutshe bedwala;
- 27 Nguwena wedwa
- 28 Ongathuntubeza izinciji zameva;
- 29 Wena wedwa – wena wedwa!

- 30 Thumela uzamcolo, Baba,
- 31 Amadwala amatiswe amanziswe
- 32 Ubulukhuni bukhunyuzwe;
- 33 Kuqhekeke nezimfa ukuze
- 34 Izwele imvula yempilo;
- 35 Aphile amatshe namadwala,
- 36 Alimemeze igama longabonwayo!

- 3.1 Bhala isimo sokukhuluma esethulwa igama elidwetshelwe ebinzeni lesi-3. (1)
- 3.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umqondo oqukethwe yibinza lesi-2. (3)
- 3.3 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuphindaphinda emgqeni we-17? (2)
- 3.4 Chaza ukusetshenziswa kwemvumelwanosiqalo emgqeni wama-35 kuya kowama-36. (2)
- 3.5 Phawula ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni isizura/isikhawu emgqeni wama-30. (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UMBUZO OMFUSHANE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

UNOXOLO/UNOLUXOLO – KNN Gcumisa

- 1 Udumo lakho luyababazeka
- 2 Ufana namanz' apholil' ehla entabeni.
- 3 Upholil' uphuzisa bonke abakulangazelelayo,
- 4 Ubaph' ukujabul' imizimba yethakase
- 5 Bekufumene wena Mduduzi wabadumele.

- 6 Lapho kukhon' ukuheleza komoy' obandayo,
- 7 Lapho kugelez' igazi emaweni athambekileyo,
- 8 Izinyembezi zigeleza ingelezane,
- 9 Kubhekenwe ngeziq'u zamehlo.
- 10 Imilomo ikhafula okumuncu kodwa
- 11 Kungazeki okumuncu kodwa
- 12 Kungazeki ngubani oyakusiza.

- 13 Munye kuphel' ongaba umsizi, UNoluxolo,
- 14 Oleth' injabulo kubo bonke abaxabeneyo,
- 15 Onhliziyo zabo zibamtoti, ngothando
- 16 Oluletha ukufudumala okungunaphakade.
- 17 Kuletha ukuthokoza okungeke
- 18 Kwalet' hwa yilutho ngaphandle
- 19 Kothando, umusa noxolo.

- 4.1 Bhala isifengqo esidwets' helwe esitholakala ebinzeni loku-1. (1)
- 4.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umqondo oqukethwe yibinza lesi-2. (3)
- 4.3 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa ifanankamisa emgqeni wesi-8? (2)
- 4.4 Chaza ukusetshenziswa kwemvumelwanosiq'alo emgqeni we-14 kuya kowe-16. (2)
- 4.5 Phawula ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni isizura/isikhawu emgqeni we-19. (2)

[10]**KANYE**

INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**UMBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

UTHANDO LUKABABA – Flora FS Sibisi

- 1 Maye ngothando lwakho Baba,
 2 Olukhul' olwedlul' olobaba;
 3 Wayidela iNdodana yakho
 4 Iyodwa, iyosindis' abakho,
 5 Sahlala sinelihle ithuba,
 6 Sofinyelel' ekhaya sihuba.
- 7 Ngingabonga ngithini kuwe?
 8 Enginakho nengiyikho nguwe,
 9 Ngilele, ngisezandleni zakho,
 10 Ngivuka nginganakil' unami,
 11 Ngiyasebenza ngothando lwakho,
 12 Ngihleka ngikhala wen' unami.
- 13 Bekufanele ngikuthande,
 14 Wen' ube phambili ngisahamba,
 15 Ithuba lide, mangiphenduke,
 16 Ngilw' umhlaba nobuhle ngehlule;
 17 Siza Menzi ngikuthande njalo.
- 18 Ngisize Baba wami njalo,
 19 Ungibuyise njalo ngothando,
 20 Thel' umoya wakh' enhliziyweni,
 21 Ngikuthande emphefumulweni,
 22 Kim' ube ngaphezu kwakho konke,
 23 Ngikwethembe ngezinswelo zami,
 24 Kuze kuphel' izinsuku zami.

[Icashunwe: *Imisebe Yelanga II*, S Nyembezi]

- 5.1 Bhala uhlobo lwemvumelwano edwetshelwe emgqeni wesi-5 nowesi-6 bese uphinde usho ukuthi isebenze ukwenzani kule migqa? (2)
- 5.2 Chaza kafushane ithoni equkethwe umugqa we-17. (2)
- 5.3 Iyini inhloso yembongi ekusebenziseni umbuzombumbulu emgqeni wesi-7? (2)
- 5.4 Ngabe imbongi iyigqamise kanjani indikimba yothando emgqeni we-18 kuya kowama-24? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.5 Hlaziya isigqi esitholakala kule nkondlo. (2)

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE***BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya***

Umbhali wenoveli uyaye aveze abalingiswa bakhe **ngobunjalo babo** esebenzisa amasu ahlukene.

Phawula ngalesi sitatimende esingenhla ubhekise impendulo yakho kulaba balingiswa abalandelayo: UNgidi, UMhlengi, UNontobeko kanye noNkululeko.

Impendulo yakho mayibe yi-esityi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-esityi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 7: UMBUZO OMFUSHANE*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya***

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

'Mhlengi, hawu Mhlengi, yini lena ongenza yona?' kuhayiza uNontobeko.	
'Wo, ithemba kalibulali, bengithi ...' Wo, ahluleke ukuqhubeka bandla uNgidi, zigobhoze izinyembezi. Adideke manje uNomalanga ukuthi uzoduduzwa bani ayeke bani.	
'Ngiyaxolisa kakhulu kinina nonke. Yiyona mpilo esengiyiphila lena.' esho esula izinyembezi ebabuka endlini.	5
Wayesababuka kanjalo ngenkathi kungqongqozwa kanye emnyango, kuvuleka isicabha, kungena uXolani ehafuzela, amehlo egcwele izinyembezi. Wangena esalokhu ehayizile uNontobeko, ebalisa, ebalisa.	
'Yeka ukukuthanda kwami Mhlengi!'	10
'Ngiyaxolisa Nontobeko.'	
'Yisona sizathu owangalela sona lesi?'	
'Yebo,' evuma ngamahloni.	
'Wawungangitsheli ngani pho?'	
'Kwakulukhuni. Kwakungelula neze,' ephendula ngezinyembezi.	15
'Yeka ukukuthanda kwami! Yeka ukuzethembisa kwami ukuthi sizotholana, sibuyelane, siqhubeke lapho esasigcine khona, si ...' Akhale kakhulu. Usevele wankema nje uXolani. Kakulula nokuthi kube khona abuza kuyena. Kuyamda konke lokhu akuzwayo.	
'Mahlengi, kwenzenjani?' ebuza ezidela amathambo.	20

'Wo, kulukhuni Xolani bakithi,' ehlengezela izinyembezi, engabaza nokusondela kuyena uXolani, amwole, amduduze.	
'Yini elukhuni?' esabuza emangele, ebabuka bonke endlini ngawo lawo mehlo agcwele imibuzo.	
'Kangazi ukuthi ngizochaza ngithini,' ekhala kakhulu uMahlengi.	25
'Cha, kangikuchazele ndodana. Mina nginguNgidi, uyise kaMhlengi ... kaMahlengi. Lona nguNontobeko owayethandana noMhlengi, lona nguNomalanga, isithandwa sami.'	
'Kangikuzwa baba.'	
'Kufanele ungangizwa ndodana. Nakithina, yiso lesa, kuningi okusixakayo. Mhlawumbe nguyena uMhlengi ... uMahlengi wakho ongakuchazela kahle.'	30
'Yeka ukukuthanda kwami Mhlengi wami,' kubalisa uNontobeko.	
'Mahlengi, yini lena ongenza yona? Awu, yeka ukukutha ...' Abihlike naye uXolani kudlange izinyembezi, lubuye lonke usizi lwakhe, akucabange konke okumlahlekele, akucabange konke okungamathemba namaphupho ekusasa eliqhakazile abezitshela ukuthi libalindele noMahlengi wakhe. Konke lokhu kumdiyazalise, kulenze lizule kakhulu kunakuqala ikhanda lakhe. Wazibona esehlehla kancane, kancane, eqheluka, efulathela, ebashiya besalokhu bekhamisile endlini, bebhawwe usizi okungekho owaziyo ukuthi luyoke lushabalale yini. Waphuma ebhocobele, kuqhaqazela amadolo, kumnyama amehlo, engangabazi nakancane ukuthi lolu sizi abhekene nalo manje luzomgubuzela, lumgwinye, lumminzise, azike, azike, azike.	35 40
	[Isahluko 10:136–137]

- 7.1 Chaza umoya otholakala esingenisweni salesi siqeshana. (2)
- 7.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)
- 7.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela esigamekweni sokusha kwezingane nomuzi kaXolani. (3)
- 7.5 Chaza isizathu sokuthi uNgidi asebenzise uShezi ekwenzeni uphenyo. (2)
- 7.6 Yini inhloso yombhali yokuveza isigameko sokubulawa kukaNyambose? (2)
- 7.7 Isinqumo esathathwa uMhlengi sokuzishintsha ubulili saba namthelela muni empilweni kaNontobeko, uXolani noNdumiso? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye. (3)
- 7.8 Qhathanisa uthando lwabalingiswa uNontobeko kanye noNdumiso ekuthandeni umuntu oyedwa onguMhlengi. (3)
- 7.9 Ngabe isenzo sikaNgidi sokuxosha uMhlengi ngesikhathi emtshela ukuthi uyi 'gay' samukelekile kuwena? Sekela umbono wakho. (2)
- 7.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le ndaba. (3)

[25]

UMBUZO 8: UMBUZO OMUDE**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Umbhali wenoveli uyaye aveze abalingiswa bakhe **ngobunjalo babo** esebenzisa amasu ahlukene.

Phawula ngalesi sitatimende esingenhla ubhekise impendulo yakho kulaba balingiswa abalandelayo: UNomvula, UChule, UMeyili kanye noMaHadebe.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 9: UMBUZO OMFUSHANE****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

Nx, woza lapha wena,' kusho izwi emnyameni ngesiNgisi.	
Wethuka woma uNomvula lapho amehlo ezithela emadodeni amabili ezemboze ubuso, obunye bungobemfene, evele ngamehlo, ephethe imimese.	
'Awuzwa ukuthi ngithini? Ngithi woza lapha chalah!' isho iziqinisa izinhlamvu zamazwi indoda yesiNgisi.	5
'Sixoleleni bafowethu ningasibulali!' ezikhalisa uChule eshosheleka kakhulu ngaphansi kwemoto.	
'Ungabe usaphuma lapho wena nja ndini! Sizocina ngawe. Mbambe Shosholoza! Wabaleka uNomvula wazungeza imoto eya ngasesiweni. Engasazi nokuthi wenzani wacoshisa amanye amatshana ababengawasebenzisanga ekushokeni imoto ngoba beweya, walilahlela ebusweni bukaJamu. Lahlala lezwela esiphongweni. Lahlekiyane phansi umese lapho uJamu ebamba isiphongo opha ngesikhathi.	10
'Mbambe wena qhaqhazela!' uJamu ekhankatha uDaffo owalibala wukukhamisa nommesa, ecimeza lapho uNomvula owelusa emnemba ngelinye itshe. Lahlala emhlathini kaDaffo, lamshiya ewubambile ekhamisile.	15
'Kodwa nenzani? Mphuthumeni mani! Nx! Kanti benginikhokhelelani? Nabukelela ifa lami liya kwaNtshangase. Le ndoda isivele iwuzuzile umphefumulo. Sekusele ukuba aziyise kuyo. Mphuthumeni!'	
'Hhawu uyangibulala impela Chule ngikuthanda kangaka?'	
Ukuphila kwakho wukufa kwami. Ukufa kwami wukuphila kwakho.	20
Msoneni intamo!'	
UNomvula wagulukudela emotweni, wazihluthulela ngokushesha izivalo. Elimele enjalo uJamu weqa amangqibithi wayinyukunya imoto ezama ukuyivula, phinde. Washiya uDaffo eyinyukunya, watatazela futhi waqonda kuChule eyofuna isihluthulelo, kepha wethuswa yisondo elaligingqika.	25
Wakhubeka ephakathi kwezimoto, wahlala phansi ngezinqe liphose limshayisa isondo elaligingqika layokhala phansi esiweni.	
'Sukuma Jamu! Bhasobha wafa!' ememeza uDaffo eyibona inyakaza imoto kaChule, uphuma ujeke ugingqikela eweni, ibhazalala.	
'Nkosiyaphakade! Phuma ngaphansi kwemoto! Nansi inyakaza! Sukuma Jamu!'	30
Ihlelela kuwe!'	

'Eshu! Ngafa mina kababa!' ezikhalela ngaphansi uChule. 'Ngilekelele Daffo!' UDaffo wayemxwayisa ngemuva kwendaba uJamu owathi uyasukuma, laliduma lidla umunge nomtholo. Zangqzulana izimoto, isinqe sikaChule simhlanganisa nekhala lemoto yabo. Zampaqaza isifuba nezimbambo, wavela ngekhanda kuphela phakathi kwekhala nesinqe. 35

'Ngafa! Ngisize sho ...! Gudluza imoto!' 'KaMazibuko! Nomvula mntakwethu! Ngilekelele mkami! Ngafa sithandwa!' ebubula ngaphansi kwemoto uNkosiyaphakade. 40

UNomvula wamuzwa, wabuza edidekile wathi, 'Ngenzenjani Chule njengoba nonke nifuna ukungibulala nje?' Wavula ifasitela walunguza, walibona igazi ligeleza nomyeni ejanduza ngaphansi kwemoto. Wavula isivalo waphuma endiza ethi, 'Phuma Chule! Kodwa Nkosi yami ngizothini ezweni?'

[Isahluko 24:241–242]

- 9.1 Chaza umoya otholakala esingenisweni salesi siqeshana. (2)
- 9.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)
- 9.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela esigamekweni sokufa kukaMahuzu. (3)
- 9.5 Chaza isizathu sokuthi abakwa-Dacey banike uMirriam ithikithi lakhe le-*pick six*. (2)
- 9.6 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu lwangaphandle phakathi kukaGenyeza noNomvula ngenkathi uNomvula ewine i-*pick six*? (2)
- 9.7 Isinqumo esathathwa uNomvula sokuyohlala eMlazi saba namthelela muni empilweni kaGenyeza, uChule noDaffo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA umlingiswa ngamunye. (3)
- 9.8 Qhathanisa uthando lwabalingiswa uGenyeza kanye noChule. Impendulo yakho mayibe ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 9.9 Ngabe isenzo sikaMeyili sokufunda incwadi kaMaNdelu evela kuNomvula samukelekile kuwena? Sekela umbono wakho. (2)
- 9.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le ndaba. (3)
- [25]**

UMBUZO 10: UMBUZO OMUDE**KUNJALO-KE – ME Wanda**

Umbhali wenoveli uyaye aveze abalingiswa bakhe **ngobunjalo babo** esebenzisa amasu ahlukene.

Phawula ngalesi sitatimende esingenhla ubhekise impendulo yakho kulaba balingiswa abalandelayo: UDumazile, USithole, UMoloi kanye noMisi Hlophe.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 11: UMBUZO OMFUSHANE****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA C

'Nx!' kunxapha uMaNzimande. Wathi lacu, waphuma waqonda endlini yabo yokulala. Wafika wangena maqede wazivalela. Kwake kwathi akasikhiye ngaphakathi isicabha, kodwa wabuye wayeka. Wazihlalela kuleyo ndlu kwaze kwashaya isikhathi sokulala.

USithole wagcina ephumile naye ekhishini ukuya endlini yokulala. Wathi engena nje uThukela lwabe selugola izintethe. Umkakhe wahluleka ukubekezela. Wathatha wathi: 5
'Yise kaMpisendlini, ufunelani ukungenza isiphukuphuku mina? Bewungibizela ukuzobukisa ngami ezintombini zakho? Hhi? Angiyona into yokudlala wena mina.'

Asho maqede azigubuzele ngengubo. USithole wazikhuza sekuthi akamyabule, amsonge kanye nezingubo, amjikijele phandle umkakhe. Wacabangela umntwana wakhe ukuthi uzosuke abe yintandane kanti usemncane. Wathula isikhashana esadla 10
amathambo ekhanda, wangena embhedeni. Kwathi ngesikade bafika ubuthongo. Walala zwi kwaze kwasa.

Ukusa kwabonwa nguye uMaNzimande. Igwebu lemfezi lalisalokhu lithe ciki entanyeni kuyena. Wazithola ephoqelekile ukuba akhiphe ingonyuluka yakhe.

'Yise kaMpisendlini, vuka uhambise uDumazile. Angisamdingi nje lapha kwami. 15
Angisamdingi nje.' Athi ukuthula kancane uSithole, bese ethi:

'Ngimhambise ngimyise kuphi?'

Wabuza kimina, awazi yini lapho wamthatha khona?' Isho imanzi yakhe ingamnike thuba. Athi ukuthula kancane futhi uSithole. UMaNzimande aqhube futhi:

'Uma ungamhambisi, ngizomhambisa mina. Uzobona isimanga! Angibhenywa mina! 20
Angibhenywa nje!' USithole wafikelwa wumcabango wokuzisola ukuthi wayechanguzelani nalesi similamongo somfazi ongunompempe.

USithole waphumela phandle, wamemeza uDumazile. Kwathi angavela emnyango wendlu yakhe, wamtshela ukuba athathe zonke izimpahla zakhe azifake emotweni. Kwathi cosololo kuMaNzimande ukubona ukuthi intando yakhe iyenzeka ngempela. UDumazile wayifunda ivaliwe, wenza njengoba kuthiwa makenze. Yasuka-ke imoto seyiphikelele esitolo. Kuthe besesendleleni, uSithole wathi:	25
'UMaNzimande unezimpawana zokungakhululeki ngobukhona bakho phakathi komuzi wakhe. Manje ngibona kungcono ukuba wena uyohlala kule ndlu yami engemuva kwasesitolo.'	30
Kumethuse lokho uDumazile.	
'Ungethuki, ukhona uMthovovo oqaphe isitolo. Awuzukuhlala wedwa. Nami futhi ngizolokhu ngivela nje ngizonilunguza.' Abuye abone uDumazile ukuthi yikhona okungcono ukuyohlala esitolo kunokuba ahlale emzini kaMaNzimande.	35
Yathi ingafika imoto esitolo, uSithole wanikeza uDumazile ukhiye waleyo ndlu ukuba avule afake izimpahla zakhe. Nempela kwaba njalo. Wandlala umbhede: wafaka amashidi amabhangqubhangqu, wathi bhu isibhalala ngaphezulu. Kwathi angaqeda, wavala endlini, waya esitolo ukuyoqala umsebenzi.	
	[Isahluko 4:75–76]

- 11.1 Chaza umoya otholakala esingenisweni salesi siqeshana. (2)
- 11.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)
- 11.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela esigamekweni sokuhamba kukaSithole emzini wakhe. (3)
- 11.5 Chaza isizathu sokuthi uDumazile asebenzise uMthovovo ekugqekizeni isitolo. (2)
- 11.6 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu lwangaphandle phakathi kukaMisi Hlophe noDumazile? (2)
- 11.7 Isinqumo sikaDumazile sokuthandana noSithole saba namthelela muni empilweni kaManzimande, uMtalaselwa, noMthovovo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye. (3)
- 11.8 Qhathanisa uthando lwabalingiswa uMoloi kanye noSithole ekuthandeni kwabo uDumazile. Impendulo yakho mayibe ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 11.9 Ngabe isenzo sikaKheswa sokuxosha uMaNdovela ngesikhathi ethola ukuthi uDumazile ukhulelwe samukelekile kuwena? Sekela umbono wakho. (2)
- 11.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le ndaba. (3)

[25]

UMBUZO 12: UMBUZO OMUDE**IMPI YOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Umbhali wenoveli uyaye aveze abalingiswa bakhe **ngobunjalo babo** esebenzisa amasu ahlukene.

Phawula ngalesi sitatimende esingenhla ubhekise impendulo yakho kulaba balingiswa abalandelayo: UBafana, uPoppie, uNjini Cele noHlanganisani.

Impendulo yakho mayibe yi-esityi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-esityi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 13: UMBUZO OMFUSHANE****IMPI YOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA D

'Angazi ukuthi kwenze njani mfowethu,' kusho uNgubane esondela kumfana owayephakathi emotweni ngenkathi ihamba. 'Wenzeni lapha phakathi mfana? Uthinteni?'

'Angithintanga lutho mina. Imoto izihambele nje. Yini ebiniyisunduzwa ngemuva,' kulanda umfana ehlehla, wase ebaleka elandelwa ngumngani wakhe. 5

'Kade ngakutshela Ngubane lesi siphukuphuku ukuthi akukhona eMadadeni lapha, izindawo zaseThekwini ziyehlela, kuhle umuntu azijwayeze ukufaka amabhuliki esandla uma ephuma emotweni. Ubuwafakile amabhuliki esandla?'

'Khona bengingawafakanga,' kusho uNgubane ebuka umnikazi we-*Mercedes* ababembamba ngoba wayefuna ukuzifikela ngezandla kuNgubane. 10

Phakathi kwababehamba nomnikazi we-*Mercedes* kwakukhona uSibeko namadodana akhe amabili. USibeko wathi amadodana akhe mawathathe umfowabo ayomngenisa endlini. Nguye owayezokhuluma nomakhelwane ngale ngozi. Wayechiliza izandla uSibeko ethi, Hamba Zabalaza! Ngena endlini, mina ngizokhuluma nomakhelwane. 15

Kayilimalanga kakhulu imoto. Kuphuma umkhokha ndodana. Xola Maziya.' Waphendukela kuMaMsibi wathi, 'Yini lo sathane osuxova umoya sakhisene kahle kangaka mhloli?'

'Impela nami angazi ukuthi sathane muni lona osusidunga sihleli ngokuthula komazakhele. Angazi ukuthi uNgubane ungenwe yini ukuba ashiye imoto ingafakiwe amabhuliki esandla? Ngiyaxolisa makhelwane. Ngiyaxolisa impela Mcusi. Kuhle ungixolisele nakuZabalaza.' 20

'Kulungile makhelwane woza siyokhulumela kwakho ukuze izindaba zethu zingangenwa yilezi zibukeli esezigcwele umgwaqo,' kusho uSibeko.

Bahamba-ke bobabili beyongena endlini uNgubane ebalandela elengise indwangu yokusula imoto, isiphundu sakhe simtshela ukuthi wonke amehlo akuye. Endlini baqhubeka oSibeko noMaMsibi bekhalelana ngokulimala kwezimoto zabo. 25

Bavumelana ngokuthi kusasa izimoto ziyongena kubacangathi ukuze basho ukuthi kuzobiza malini ukuzibuyisela endaweni yazo. 'Khona singethande ukuba sikukhokhise ngale ngozi ngoba siyazi ukuthi akekho obethanda ukuba kwenzeke ingozi, kodwa uma kusho wena uthi uzozikhokha zonke izindleko zethu, siyabonga mhloli.' 30

'Kufanele ngikhokhe ngoba yimi engaletha uNgubane. Nami ngangingazi ukuthi sengifuye umxabanisi,' kusho umhloli.	
'Kuthiwa lembula ingubo lingene makhelwane. Akunani ngoba akekho umuntu olimele. Mina ngike ngethuka sengiyibona imoto yakho iqonda kwaMncwabe. Bengithi izosho ngaphakathi,' kulanda uSibeko esesukuma evalelisa.	35
Wasukuma nomhloli wavalelisa wamphelezela umakhelwane behamba bexoxa bekhomba uNgubane ngekhandanda. Kwathi esengena kwakhe uSibeko, waphindela emuva umhloli. Kwammangalisa ukuthi eyakhe imoto yayigobe ibhampa nje kuphela yangalimala kakhulu. Ebuyela endlini, wathola uNgubane esedlala ngayo indwangu yokusula imoto, ehleli ebheke phansi.	40
	[Isahluko 15:266–267]

- 13.1 Chaza umoya otholakala esingenisweni salesi siqeshana. (2)
- 13.2 Nikeza umyalezo otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)
- 13.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izehlakalo ezaholela esigamekweni sokuhamba kukaNgubane emzini wakhe eLa Lucia. (3)
- 13.5 Chaza isizathu sokuthi uBen Martins ahlangani noNgubane ngenkathi efuna ukusiza umphakathi waKwaMashu. (2)
- 13.6 Yini inhloso yombhali yokuveza udweshu lwangaphandle phakathi kukaMaXakushe noPoppie? (2)
- 13.7 Isinqumo sikaHlanganisani sokunakekela uMelody no-Euthenasia saba namthelela muni empilweni kaPoppie, uBafana kanye noCele? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye. (3)
- 13.8 Qhathanisa uthando lwabalingiswa uMaMthunzi kanye noMaMsibi ekuthandaneni kwabo noBafana. Impendulo yakho mayibe ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 13.9 Ngabe isenzo sikaMaMsibi sokuwashisa uBafana izingubo samukelekile kuwena? Sekela umbono wakho. (2)
- 13.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekuphetheni le ndaba. (3)
- [25]**

NOMA

UBUCIKO BOMLOMO**UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE****UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

Umbhali wobuciko bomlomo uyaye aveze abalingiswa bakhe **ngobunjalo babo** esebenzisa amasu ahlukene.

Xoxa ngalesi sitatimende esingenhla ubhekise impendulo yakho kulaba balingiswa abalandelayo enganekwaneni ethi, Unwabu nentulo: UNkulunkulu, unwabu, nentulo. Ezibongweni zenkosi u-Albert Luthuli: Inkosi u-Albert Luthuli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo.

ISIQESHANA E**IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI**

- 1 Inggungqul' eshay' amaphiko phezu koMvoti,
- 2 Kwanyakaz' abamhloph' abeLungu,
- 3 Kwathi i-American Board
- 4 Yamthwesa isicoco.
- 5 Abelungu bakufundisa ulim' lwenkomo kaHaga
- 6 Kant' uzobaphendukela esiswini njengotshwala.
- 7 Umkhombi wendlela ayikhathule,
- 8 Umhambi wendlela ayikhombile.
- 9 Ongagcinanga ngokuyikhomb' inkululeko,
- 10 Kodwa wayifaka wayitshikitshela,
- 11 Wayifaka esikoleni,
- 12 Wayifaka esontweni
- 13 Indlela yenkululeko.
- 14 Ngiyasesaba isibindi sakho we Mandlanduna!

- 15 Ndlovu kayibhekeki.
- 16 Ndlovu edel' ukubusa
- 17 Yaqoma ukuhlupheka.
- 18 Indlovu ethe iwela ibheke kwaBulawayo
- 19 Babeyixokozelela abasekhaya,
- 20 Indlovu ethe iwela ibheke koNoweyi,
- 21 Babeyihlanganisela abasezitheni.
- 22 Nanamhlanje basakhexile ngeNobel Peace Prize.

- 23 Mqali wezindlela ezenyukelayo,
- 24 Mqambi wezindlele' eziya ku-1994,
- 25 Uyibekile induku ebandla,
- 26 Wabashaya engeqiw' ntwal' abaMhlophe,
- 27 Mandlanduna awuseyukubhubha.

- 28 INkosi evivise ngepensela,
 29 AbeLungu bevivisa ngemijojantaba.
 30 Wabengul' inkung' abakithi,
 31 Kwath' abeLumbi wabagez' ubebebe,
 32 Sewungenisile mfo kaMvumbi.
- 33 Zaziyishumi kuZibandlela 1961,
 34 Bekwethwesa imyezane yokuthula,
 35 Kwamangala umhlaba wonke,
 36 Awusalweli uKhongolose kuphela,
 37 Awusalweli ama-Afrika kuphela,
 38 Sewulwela umhlaba wonke.
 39 Uyingqwayingqwayi, uyingqonyela!

[25]

UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE**IZINGANEKWANE: 'UNONSIKELELO'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

ISIQESHANA F

Yema inkosana, isanganiswe ngumculo omnandi kangaka. Yasondela kancane, ihamba izifihla ngoba ingafuni ukubonwa. Yagcina iwubona umbhoshongo kodwa yangawubona umnyango. Yaphinda yabheka nesikhwelo sokugibela kodwa yangasibona. Yajika inkosana yaqhubeka nendlela yayo.

Umculo omnandi waqhubeka nsuku zonke, nenkosana yaqhubeka nokulalela. Njalo ngosuku, indodana yenkosi yayihamba iye phakathi ehlathini lapho yayizozwa umculo embhoshongweni. Kwakuthi ungaphela umculo, ibuyele ekhaya ithokozile. Kwakumnandi ukuzwa amaphimbo ngaphandle kokubona abaculayo.

Ngelinye ilanga ekuseni ngovivi, inkosana yabona amazimu eduzane kombhoshongo. Yabe seyicasha khona lapho ukuze ibheke ukuthi kuzokwenzekani. Ngokujwayelekile, acula amazimu. 10

'Nonsikelelo! Nonsikelelo!

Nkosazana yehlathi,

Siphalaphala esibambezele umuntu emuka namanzi,

Yehlisa umsila wengubo!"

15

Nembala, wehla umsila wengubo uphuma embhoshongweni. Weza kancane, wagcina ufike wathi cababa phansi. Sonke lesi sikhathi, uNonsikelelo uvele ngefasitela, wehlisa umsila wengubo yakhe. Yayingasacwayizi inkosana ngoba ingafuni ukuphuthelwa ukubona konke okwenzekayo. Okunye, yayiqala ukubona ubuhle obunje, selokhu yazalwa. Agibela amazimu abambezele emsileni ebheke phezulu embhoshongweni. Inkosana yawabona amazimu engena embhoshongweni kwaze kwaba umsila uyadonswa kungasabambezele muntu kuwona. 20

Ayilalanga indodana yenkosi ngalobo busuku. Yayizifundisa ukucula iculo eliculwa embhoshongweni. Ngakusasa ekuseni, yanikela embhoshongweni. Yafika kungakafiki muntu yaqala ukucula: 25

*Nonsikelelo! Nonsikelelo!
Nkosazana yehlathi,
Siphalaphala esibambezele umuntu emuka namanzi,
Yehlisa umsila wengubo!*

- 15.1 Nikeza umlingiswa omkhulu nenkinga abhekene nayo kulesi siqeshana. (2)
- 15.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU isizinda ngokwalesi siqeshana. (3)
- 15.3 Qhathanisa isenzo sokuphikelela somlingiswa inkosana enganekwaneni kanye nesenzo sokuphikelela sikaDkt. uSibongile Zungu emgqeni wesi-4 kuya kowesi-7. **Bheka isiqeshana G ngezansi.** (3)
- 15.4 Iyini inhloso yokusetshenziswa kokuphindaphindwa komculo kule nganekwane? (2)
- 15.5 Uyazwelana noNonsikelelo ngesimo azithola ekuso kule nganekwane. Sekela umbono wakho. (2)
- 15.6 Phawula ngempumelelo yomxoxi yokuphetha le nganekwane. (3)

KANYE NEZIBONGO

Fundisisa lezi zibongo bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

ISIQESHANA G

IZIBONGO: IZIBONGO ZENKOSI UDKT. SIBONGILE ZUNGU

- 1 Injini kagandaganda omanxakanxaka
- 2 Oth' ushayiswa umuhluzwa
- 3 Kwafana nokuthela amanz' edadeni;
- 4 Igiya eliya phambili liyangena
- 5 Eliy' emuva alingeni.
- 6 Ugandaganda omagiy' aya phambili,
- 7 Ugandaganda ongayi emuva.
- 8 Isihlahl' esigabe ngezithel' ezimnandi
- 9 Inguduza edukuze efwini kwakhanya
- 10 Yakhomba indlela kwabona nemvukuzane.
- 11 Zachwensa izichwensi zokuchwensa
- 12 Badelel' abazazi bona,
- 13 Wagwiny' amathe, uDokotela,
- 14 Wakhwehlela kanye, zehla izihlathi.

- 15 UDokotel' odokotel' isizwe ngemfudumalo
- 16 Abanye bedokotela ngezinsungulo,
- 17 UDokotel' odokotel' isizwe ngentuthuko
- 18 Abanye bedokotela ngezibuko.
- 19 Isizwe sonke siwuzwil' **umjovo**
- 20 **Usijove ngomjovo** wothando,
- 21 **Wasijova ngomjovo** wentokozo,
- 22 Abangaphilanga yilab' asebeyoxakwa ngobisi.
- 23 Awukho umjovo wabangaphilanga ngekhandu.

- 24 Umfazi omabelemade,
 25 Umbele ugwansile;
 26 Nonganeno komful' uyancela,
 27 Nongaphesheya komful' uyanela.
 28 Ungalifun' ukhala nal' emlonyeni,
 29 Omuny' ulidukluza ngezibhakela,
 30 Omuny' aliklwebhe ngezinzipho
 31 Eth' ujezis' unina
 32 Kant' uzilambisa yena.
- 33 Inkunzi kayihlehli
 34 Engafani nopikiliyeza,
 35 Ngob' oncinde kuy' akafi,
 36 Isigqobhela esigcine ugwayi wesizwe,
 37 Abantongela kuso babheme bakholwe,
 38 Ngiyafis' ukwazi ngentelezi abakuchela ngayo,
 39 Nezibib' abakubhemisa zona.

KANYE NE**SISHO: UKUPHUMA KWEQHINA EMBIZENI**

Incazelo: Ukuphuma kwento ebifihliwe

KANYE NE**SIPHICAPHICWANO: ESIPHATHELENE NEMBIZA/IBHODWE**

- 15.7 Tomula bese ugagula isifengqo esitholakala emgqeni woku-1 ezibongweni. (2)
- 15.8 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo oqukethwe umugqa wesi-8 kuya kowe-10. (2)
- 15.9 Chaza isizathu sokusetshenziswa kwamagama agqamile emgqeni we-19 kuya kowama-21. (2)
- 15.10 Uyavumelana nokuthi lesi sisho esingenhla sihambelana kahle nenganekwane engenhla? Sekela umbono wakho. (2)
- 15.11 Qamba isiphicaphicwano esihambelana nebhodwe kanye nempendulo yaso. (2)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

'Umbhali uyaye akhethe isizinda esifanele emdlalweni awubhalayo.'

Phawula ngekhono lombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-esityi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-esityi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA H

MAMLANDULI:	<i>(Umangele)</i> Kwenzenjani baba? Wabuya ungasemnandi nje manje? Iphi manje le njabulo ohlale ubuya nayo, uma ngabe uqhamuka emsebenzini esikhathini esiphambilini? Kusengenzeka yini ukuthi ukungangenameli kwakho ukuthi kuhambisana nezinkomba zokuthi akusimina okumele akuhlangabeze kodwa yizingane zakho lezi esezingithathele lowo msebenzi?	5
MDALULI:	<i>(Ujabhile)</i> Kanti-ke akumele neze uze uzihluphe ngalowo mcabango mkami. Iqiniso elisalayo nje lisekutheni izinsuku lezi zoMdali kazefani. Ngingaphuma lisabalele lapha ekhaya kepha ngibuye selihosha umoya obandayo ohambisana namakhaza ashubisa umnkantsha. Kanjalo futhi singehlukana ekuseni ngihleka kukuhle kunjeyaya kodwa lishone sengikhala. Yingakho nje nencwadi yomShumayeli eBhayibhelini esahlukweni sesithathu ikubeka kucace lokhu engikushoyo ngaphansi kwesihloko esithi konke kunesikhathi sakho lapha phansi komthunzi welanga.	10 15
MAMLANDULI:	<i>(Ubukeya esekhathazekile)</i> Ngiphuthume baba. Ngabe sekwenzenjani?	
MDALULI:	<i>(Ubhocobele udangele)</i> Lisilahlele nina wabantabami ...	
MAMLANDULI:	<i>(Amenqakele phezulu ekhathazekile)</i> Kanjani? Ungake uphelelise inkulamo wena yisekaLondiwe! Ngabe kukhona isihlobo sethu segazi yini mhlawumbe esesedlule kulo mhlaba?	20
MDALULI:	<i>(Ujabhile)</i> Cha akunjalo mkami.	
MAMLANDULI:	<i>(Uncondile)</i> Uma kungenjalo, kunjani-ke pho? Wabaleka neqiniso nje wena?	
MDALULI:	Angazi ukuthi ngizoyibeka kanjani le ncazelo kuwe mkami. Ngisho ngoba ulimi luvele lwagcwala umlomo kwasekuqaleni nje usaqala ukungibuza (kuthuleke) Hho! Yalunga-ke le nto. Nangu uManqina eza neno. Mhlawumbe yena uzoba naso isibindi sokuyibeka kangcono eyaleli shwa elisisibekele ...	25
	<i>(Asondele uManqina kuze kube sebengenisana kanye kanye kuvulandi maqedane abonakale uMdaluli esebeka isinqe esihlalweni ngalesi sikhathi uManqina esekhunjiswa usofa okumele athinsike kuwo. UMaMlanduli yena afole phambi kwabo esehlahle amehlo enziwa ukumangala.)</i>	30

MAMLANDULI:	<i>(Ukhathazekile)</i> Izosale seyehlukaniswa nguwe-ke Manqina le nhloko nesixhanti ngoba sengibone kahle kuthi umhlabi nomhlinzi wenkomo useyehluleka manje wukuyetha nokuyikhipha nezitho zayo ... <i>(Kuthuleke)</i> Tshela mina wena Manqina nabuya emini kangaka emsebenzini namuhla kube kungesilona nelanga langoLwesihlanu, ngabe sekwenzekeni? Kungenzeka yini ukuhi sekuphinde kwasuka esinye isiteleka futhi?	35 40
MANQINA:	<i>(Ujabhile)</i> Alishoni lingenandaba zalo mame wasekhaya. Njengoba usibona nje sidilizwe emsebenzini ... <i>(Aphazamiseke)</i>	
MAMLANDULI:	<i>(Usehlahle amehlo umangele)</i> Hawu! Kahle ukungethuka ngethambo likadadewethu uKhangisile wena esewaba mathambo amhlophe. Yini kodwa lena engiyizwayo?	45
MANQINA:	Nje. Kunjengoba ngisho nje mame. Kholwa yile ncazelo engikunika yona wena. Uma ungakholelwa kuyona angazi noma uyoze uyizwe kangcono ngoba isiphuma ezindebeni zomlomo wabaphuma eNgilandi yini?	50

[Inkundla yoku-1: Isigcawu Sesi-5]

- 17.1 Nikeza isizathu sokuba isimo senhlalo singabi sihle ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 17.2 Nikeza ithoni etholakala enkulumweni yomlingiswa onguManqina kulesi siqeshana bese unika isizathu sempendulo yakho. (2)
- 17.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi indaba eyethulwa nguManqina kuMaMlanduli kulesi siqeshana iyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 17.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU iphupho likaMdaluli ngenkathi esesitokisini esiteshini samaphoyisa. (3)
- 17.5 Yini inhloso yombhali yokwethula umlingiswa onguMbhebhezeli kulo mdlalo? (2)
- 17.6 Qhathanisa izenzo zomlingiswa onguZayeka kanye nomlingiswa onguZenyezile. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 17.7 Chaza okushiwo ngamagama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana. (2)
- 17.8 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaLondiwe ukube akayanga kusonhlalakahle onguZenyezile? Sekela umbono wakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 17.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguHlengiwe sokuqoma uChivenga enesoka lakhe siyamukeleka kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.10 Xoxa ngamaphuzu AMATHATHU ngempumelelo yokwethulwa kwesingeniso kulo mdlalo. (3)

[25]

UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

'Umbhali uyaye akhethe isizinda esifanele emdlalweni awubhalayo.'

Phawula ngekhono lombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA I

SIKHOVA:	UHulumeni ufunelani ukubona kugeleza ingelezane yegazi ezweni? Ufunelani?	
GUNDANE:	UHulumeni kuhle azi kahle ukuthi thina asiwuweli uMngeni!	
ISIZWE:	Elethu! (<i>Kube nobuhhomuhhomu.</i>)	
ZITHULELE:	(<i>Asukume.</i>) (<i>Basakazeke. Bayaluze.</i>)	5
	Ngipheni indlebe. Ngipheni indlebe bantu bakaSalimani. Nginyanazi nina nithanda ukuthula. UHulumeni akaqonde khona ukunikhathisa. Uyanilamula. Uma le ndawo ingabuyeli kubanikaziyo kuyosuka umbango omubi ngomuso kusale izidumbu phansi senilwa nabayobe sebewuwelile uMngeni.	10
ISIZWE:	(<i>Sivungame.</i>)	
MCANJANA:	Mantshi nawe Mbusi akube abantu abazikhethelayo ukuthi bafuna ukubuswa ngubani. Abangaphoqwa. Ukubaphoqa ukubulala izwe.	
SALIMANI:	Bantu bakaBaba (<i>Kuthule kuthi cwaka</i>). Mbusi mina ngithi abantu bami akube yibona abazikhethelayo abafuna ukuba yikhona. Enkundleni lapha phambi kwethu (<i>Esho ekhomba.</i>) Ngizobeka Amasaka amabili kabhontshisi. Kuzoba elomnyama nelomhlophe. Kuzoba nezikhamba ezimbili. Labo kubantu bami abathi asiwuweli uMngeni lokho bazokukhombisa ngokucosha uhlamvu olumnyama umuntu aluphonse esikhambeni.	15
NODWENGU:	(<i>Asukume ame eshashalazini lapho kukhombe khona uSalimani.</i>)	
BHESWA:	(<i>Uthatha isihlalo ebesihleli uNodwengu usisa kuyena.</i>)	
SALIMANI:	Esikhambeni esingakwesokudla sikaSinkampunkampu singamanzi kampompi, abathi abaweli uMngeni abaphonse ubhontshisi omnyama.	20
NOMEHLO:	(<i>Bangenisa amasaka kabhontshisi. Elinomnyama balibeka ngakwesokudla, elimhlophe lona ngakwesobunxele.</i>)	
MPHILIPHILI:	(<i>Kungena zimbili zithwele izikhamba. Enye esinye isibeka ngapha nanye ngalena kukaNodwengu.</i>)	
IBUTHO		
LEZINTOMBI:		30
SALIMANI:	Labo abavuma ukuphanisa kuhle kwempahla yakobelungu kubona umuntu ngamunye acoshe uhlamvu olumhlophe esakeni lwalo bhontshisi aluphonse esitsheni esingakwesokunxele.	

[Inkundla Yesi-3, Isigcawu soku-1]

- 19.1 Nikeza isizathu sokuba isimo senhlalo singabi sihle ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 19.2 Nikeza ithoni etholakala enkulumweni yomlingiswa onguSikhova kulesi siqeshana bese unika isizathu sempendulo yakho. (2)
- 19.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi inkulumo kaZithulele kulesi siqeshana iyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 19.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU izezo zikaMphilipili ezazibonisa ubumbuka bakhe. (3)
- 19.5 Yini inhloso yombhali yokwethula umlingiswa onguMphilipili kulo mdlalo? (2)
- 19.6 Qhathanisa izezo zomlingiswa oyijaji laseMshwathi kanye nomlingiswa oyijaji laseMgungundlovu. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 19.7 Chaza okushiwo ngamagama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana. (2)
- 19.8 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaSalimani ukube alimthethanga icala laseMgungundlovu? Sekela umbono wakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 19.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguZithulele sokuklama umngcele kabusha ngemuva kokuhlulwa nguSalimani ngesu likabhontshisi siyamukeleka kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.10 Xoxa ngamaphuzu AMATHATHU ngempumelelo yokwethulwa kwesingeniso kulo mdlalo. (3)

[25]

UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

'Umbhali uyaye akhethe isizinda esifanele emdlalweni awubhalayo.'

Phawula ngekhono lombhali ekwethuleni isizinda salo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-esityi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-esityi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA J

MATHONSI:	<i>(Ekhwehlela.)</i> Uqinisile umama wakho ndodana. Usindwe yizinyawo njengoba bengingasakwazi ukuyibamba le nsizwa. Bengilokhu ngigqolozele emnyango ngithi uyangena lutho. Akonakele lutho-ke ndodana ngoba mhlawumbe kwenzeka kahle ningatholani lapha hleze bekuyosuka uthuli lwezichwe.	5
THAMSANQA:	<i>(Ehlahle amehlo.)</i> Insizwa yakuphi leyo?	
MATHONSI:	Yehlisa umoya ndodana. Luselude ukhalo. Uyothi lapho udundubala lesi sisekeseke sentaba uyobe usuvovekile uma uthatha izinto ngamawala.	
THAMSANQA:	Cha ngiphuthume baba kanti kwenzekani kanti?	10
MATHONSI:	Ake ngibuze ngale ndlela ndodana, ngiyazi kungumbuzo oxakayo futhi ongavusa uhlevane kepha-ke kayikho indlela engingalugqala ngayo lolu daba. Okwesibili usuyindoda manje. Kayikho indoda eyake yakhela enye umuzi. Ngokusho kanjena ngiqonde ukuthi kungesize ngalutho ukuletha uqhekeko nengxabano emzini wakho. Ngixolele ngokubuza ngale ndlela ndoda. Umethemba kangakanani umkakho? <i>(Ajolozele ezinhlamvini zamehlo.)</i>	15
THAMSANQA:	<i>(Ebukeya edidekile yilo mbuzo kayise kepha aqunge isibindi awuphendule.)</i> Ngumbuzo onzima kakhulu lona baba kepha ngingawuphendula ngale ndlela, bengingemthathe uPhindisiwe abe ngumkami uma bengingamethembi futhi ngingamthandi.	20
MATHONSI:	Uyakuthanda ngokweqiniso yena, akukho enigodlelana khona?	
THAMSANQA:	Ngingeqiniseke ngalokho baba nawe uyazi ukuthi umuntu unesifuba sakhe esaziwa nguyena yedwa angeke asichathazele omunye umuntu. Ngifunga ngiyagomela ukuthi okuningi siye sihlale phansi sibonisane ngakho sigcine sifinyelela esivumelwaneni. Ngokwazi kwami akukho engingathi ungifihlele induku emqubeni ngakho.	25
MATHONSI:	Ungadinwa ndodana. Lo mbuzo kawulona iphutha kepha kukhona lapho ngiqonde khona.	

MAMHLONGO:	<i>(Engena egulukudela ingathi kukhona okumjoja ngemuva.)</i> Uyabona ndodana impilo yokuganana inzima kakhulu. Kuyinto enzima ukwethembeka kepha kufanele kungayekwa nje ngoba izimfihlo lezi ziyinkinga kungakho kuye kuthiwe ayikho impunga yehlathi ngoba lapho imfumbe ibhoboka khona buchitheka bugayiwe. Akuyona-ke into enhle ukulokhu kusolwa abalele ukuthi babhedisa izinto ngabomu kanti akubona abazibhedisayo bafela nje ukuthi babizwe ngezithutha.	30 35
MATHONSI:	Nami nginezela emkhondweni kamama ndodana. Ngingalokhu ngigudla iguma Thamsanqa, kukhona okwaziyo ngempilo kamakoti ngaphambi kokuba nishade?	40
THAMSANQA:	Kuningi kakhulu engikwaziyo mama nawe baba.	
MATHONSI:	Wakutshela ukuthi unezingane azishiya ekhaya?	
THAMSANQA	<i>(Athi ukudideka kancane.)</i> Yebo, ngiyazazi.	
MAMHLONGO:	<i>(Enikina ikhanda.)</i> Ngiyakweshwama—ke lokhu baba. Ndodana kanti akuthi lapho kulotsholwa ithokazi libelethiswe nenkonyane lalo?	45

[Inkundla Yesi-2, Isigcawu Sesi-3]

- 21.1 Nikeza isizathu sokuba isimo senhlalo singabi sihle ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)
- 21.2 Nikeza ithoni etholakala enkulumweni yomlingiswa onguMathonsi kulesi siqeshana bese unika isizathu sempendulo yakho. (2)
- 21.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi imibuzo ebuzwa nguMathonsi kuThamsanqa kulesi siqeshana iyithuthukise kanjani indikimba yalo mdlalo. (3)
- 21.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU iphupho likaMaMhlongo. (3)
- 21.5 Yini inhloso yombhali yokwethula umlingiswa onguNkumbulo kulo mdlalo? (2)
- 21.6 Qhathanisa izenzo zomlingiswa onguMakhangelana unina kaPhindisiwe kanye nomlingiswa onguMaMhlongo unina kaThamsanqa. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 21.7 Chaza okushiwo ngamagama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana. (2)
- 21.8 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela empilweni kaThamsanqa ukube wamxolela uPhindisiwe? (3)
- 21.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguPhindisiwe sokuthandana noNkululeko siyamukeleka kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.10 Xoxa ngamaphuzu AMATHATHU ngempumelelo yokwethulwa kwesingeniso kulo mdlalo. (3)

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80